# ABAKWA-SARS BABUYISELE ABANTU IMALI ENGU-R2.4 BILLION NGESIKHATHI SOKUVALWA THAQA KOKUNYAKAZA EZWENI

**Pretoria, ngoMsombuluko 30 kuNdasa 2020 –** Njengamanye amazwe, iNingizimu Afrika isaqhubeka nokulwa nomthelela ongemuhle emnothweni nakwezempilo okubangelwa ubhubhane lwe-COVID 19. Abakwa-SARS bayawuqonda umthelela omubi ezimpilweni zabantu, ubungozi emabhizinisini kanjalo nasemnothweni ovele untengantenga. Ngalokho-ke, sizimisele ngokwenza imisebenzi esemqoka ukuze sinciphise lezi zimo ezingezinhle.

Ekwenzeni lokhu, abakwa-SARS balinganisa ukuphepha kwezisebenzi zethu, abakhokhintela kanye nabahwebi, bebe beqinisekisa ukuthi umnotho wethu uyakwazi ukusebenza. Kuze kube namuhla, abakwa-SARS sebekhokhe imali ebuyela abakhokhintela efinyelela ku-R2.4 billion kulezi zinsuku ezine zokuvalwa thaqa kokunyakaza ezweni, kusukela ngoLwesihlanu mhla zingama-27 kuNdasa.

Izimali ezibuyiswayo zibandakanya izinkokhelo zamaBhizinisi amaKhulu inani elifinyelela ku-R1.1 billion kanye nezinkokhelo zamaBhizinisi amaNcane, aPhakathi, namaNcane kakhulu (SMMEs) ezifinyelela enanini elingu-R1.3 billion.

Ukukhokhwa kwezimali ezibuyiswayo kusho ukungena kwemali emnothweni ngesikhathi esibucayi. Abakwa-SARS bangakwazi kuphela ukwenza lokhu uma abakhokhintela nabahwebi bethobela ngokugcwalisa izibophezelo zabo zokuthumela amaphepha entela nokwenza izinkokhelo ezifanele nangaso lesi sikhathi sokuvalwa thaqa kokunyakaza ezweni.

Abakwa-SARS benze ukuba kutholakale le migudu esebenza nge-inthanethi okuyilena, i-MobiApp, i-eFiling, i-e@syFile, i-imeyili kanye ne-SARS Contact Centre (0800 00 7277) ukuze kugcwaliswe lezi zibophezelo.

Kunxuswa abakhokhintela nabahwebi ukuba basebenzise le migudu uma benza izinkokhelo ezinomnqamulajuqu ongumhla zingama-31 kuNdasa ukuze bahlale bethobela imigomo yentela.

Kubalulekile futhi ukuthi izinhla ezihlukene zamabhizinisi ezingaphansi kwengcindezi ziqhubeke nokuthobela ukuze zizokwazi  ukuthola izindlela zokuhlaba ikhefu kuntela

